

## MANIFESTO 2000

### ISIMISO SEMINYAKA YENKULUNGWANE YESIBILI

Umkhandlu Wenhlangano Yezizwe uqoke unyaka wenkulungwane yesibili ukuba ube [Ngunyaka Wokwakhiwa koSikompilo Lokuthula Emhlabeni-jikelele](#). Inhlangano Yezizwe Ebhekene Nezinhlelo Zemfundo, Ubuchwepheshe Besayentsi kanye Nemvelo (UNESCO) ibhekene nokwengamela yonke imicimbi yalonyaka.

**N**gokuba inkulungwane yesibili yeminyaka kumele ibe isiqalo esisha, sethuba lokuguqula – zonke izinto ngokuhlanganyela – isihlava sosiko lwempi kanye nodlame kwenziwe isikompilo lokuthula kanye noxolo.

**N**gokuba lezinguquko zidinga ukuzimbandakanya kwawo wonke umuntu ngamunye siqu sakhe, ngokwabela abantu abasha kanye nesizukulwane esizayo ubuntu obunokuziqhaza ngokuzinikela ukusebenzela umhlaba onobulungisa, ubunye, inkululeko, ubuqotho, ukuphilisana ngokuzwana kanye nokunethezeka kwabo bonke abantu.

**N**gokuba isikompilo lokuthula luyintsika yokuthuthuka ngokungenamkhawulo, ukubhekela imvelo kanye nokuphatheka-ngokufaneleyo kwalowo-nalowo muntu.

**N**gokuba ngiyasibona isabelo somsebenzi wokuphila kwami nekusasa lobuntu bethu, ikakhulukazi eliqondene nezingane zesikhathi sanamuhla kanye nezingane zesikhathi ezisezayo.



### ISITHUNYWA SESIMISO

**ULWAZI@AFRICA FOUNDATION**

*A non-profit knowledge society initiative*

*home page:* <http://www.ulwazi.org.za>

*e-mail:* [lindam@ulwazi.org.za](mailto:lindam@ulwazi.org.za)

and **TIME PROJECT HOME BASE: SOUTHERN AFRICA**

**ZWELIBANZI HIGH SCHOOL**

*home page:* <http://www.zwelibanzi.biblio.net>

*e-mail:* [ngcoboam@zwelibanzi.biblio.net](mailto:ngcoboam@zwelibanzi.biblio.net)

[HTTP://WWW.UNESCO.ORG/MANIFESTO2000/DEFAULT.ASP?PART=IND/SAF/001/UOR](http://www.unesco.org/manifesto2000/default.asp?part=ind/saf/001/uor)

# MANIFESTO 2000

## ISIMI SO SEMINYAKA YENKULUNGWANE YESIBILI

**Mina ngiyaqinisa** ukuthi, ekuphileni kwami kwamihlayonke, nomndeni wakwethu, nalapho ngisebenza khona, nasemphakathini engiphila kuwo, nezwe lami kanye nezwekazi lami, ukuthi;




**Ngizohlonipha ukuphila** kanye nobuqotho baloyo naloyo muntu ngaphandle kokubandlulula nokwephendlelela;




**Ngizokwenza uxolo lubeyinjwayelo ngokuqinisekileyo**, ngiziqhelise nodlame lwanhlobo zonke: ngokwamandla omzimba, ngokocansi, ngokwesimo semicabango yenqondo, ngokwesabelo somnotho emaphakathini, ikakhulukazi lapho siqondene nesiqu sabantu abantulayo kanye nabasengcephekweni esingafanisa izingane kanye nentsha esakhulayo;



**Ngizokwabelana ngesikhathi sami kanye nemikhonzo yamagugu ami**, ngomoya wenhliziyo ephayo ukuze ngiqiniseke ukuthi ukukhetha iphela emasini, ukungahloniphi ubulungisa, ukucindezeleka ngokwezombusazwe kanye nasesabelweni somnotho, konke kuyaphela nya;



**Ngizokuvikela inkululeko yokuveza imibono kanye nokuhlonipha imvelaphi yamasiko ahlukeneyo**, ngenzelele njalonjalo ekukhuthazeni inqoxo kanye nokulalela ngingazange ngikhombise uqotho lwami kuphela, ngihlambalaze kanye nokwenqaba ukwamukela okwabanye abantu;



**Ngizokuthuthukisa isiko elifaneleyo lokuziphatha** kwabobonke abasebenzisa izinsizampilo kanye nokwaxhisa kwezinqubo ezihlonipha zonke izinhlobo zokuphilayo kanye nokuqinisekisa isisekelo esiyohlala njalo-njalo semvelo emhlabeni wonkana.



**Ngizokubamba iqhaza ekuthuthukiseni umphakathi engiphila kuwo**, ngenzelele isiqiseko sokumbandakanya abesifazane kanye nokuhlonipha inqubo-mgomo yombuso wentando yeningi, ukuze ngakhe inhlanguaniselo entsha yomhlahlandlela wobunye.

## ISITHUNYWA SESIMISO

**ULWAZI@AFRICA FOUNDATION**  
*A non-profit knowledge society initiative*

*home page:* <http://www.ulwazi.org.za>  
*e-mail:* [lindam@ulwazi.org.za](mailto:lindam@ulwazi.org.za)

and **TIME PROJECT HOME BASE: SOUTHERN AFRICA**  
**ZWELIBANZI HIGH SCHOOL**

*home page:* <http://www.zwelibanzi.biblio.net>  
*e-mail:* [ngcoboam@zwelibanzi.biblio.net](mailto:ngcoboam@zwelibanzi.biblio.net)

---

[HTTP://WWW.UNESCO.ORG/MANIFESTO2000/DEFAULT.ASP?PART=IND/SAF/001/UOR](http://www.unesco.org/manifesto2000/default.asp?part=ind/saf/001/uor)